

Yiba Yilokho Oyikho



ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

2 Pet. 1:1–15, Efes. 2:8, Rom. 5:3–5, Heb. 10:38, Rom. 6:11, 1 Kor. 15:12–57.

Indimana Yekhanda:

“Ngenxa yalesisizathu, yenzani konke okusemandleni ukwelekela ubuhle okholweni; ulwazi ebuhleni; kanye nokuzithiba olwazini; ukubekezela ekuzithibeni; nobunkulunkulu ekubekezeleni; ukuthandana kubunkulunkulu; kanye nothando ekuthandaneni” (2 Peter 1:5–7, NIV).

Enye yezinto ezimangalisayo KwiTestamente Elisha yindlela iqiniso “elihlohlwa” ngayo esikhaleni esincane. Thatha isifundo saleliviki, esikhuluma ngo-2 Petro 1:1–14. Kulezizindimana ezingu-14, uPetro usifundisa mayelana nokulungiswa ngokholo. Abe esekhuluma ngalokho amandla kaNkulunkulu angakwenza ezimpilweni zalabo abazinikele kuJesu. Ukhuluma ngeqiniso elimangalisayo lokuthi singaba “nesabelo esimweni sobunkulunkulu” (2 Pet. 1:4) nokuthi singakhululwa ebubini nasezinkanukweni zomhlaba.

Eqinisweni, asitholi nje kuphela izimpawu zobuKristu, kepha uPetro uzibala ngokulandelana kwazo. Olunye lulandela olunye njalo, njalo kuze kufike kuvuthondaba kolubaluleke kunazo zonke. Ubhala futhi ngeqiniso lokuthi kusho ukuthini ukuba kuKristu noku “hlanzwa” (2 Pet. 1:9) ezonweni zethu ezindala, aphinde futhi anikeze umqondo wokuqiniseka kosindiso, isithembiso sokuphila okuphakade “embusweni waphakade” (2 Pet. 1:11) weNkosi. Futhi ekugcineni, sithola nengxoxo kwisihloko esibucayi sesimo sabafileyo. Ewu ukunotha nokudepha kweqiniso ezindimaneni nje ezingu-14!

**Funda isifundo saleliviki ulungiselele iSabatha lika-May 27.*

Ukholo Oluyigugu

Funda u-2 Petro 1:1-4. Uthini uPetro ngokuthi sinikweni kuJesu Kristu na? Okungukuthi, iqiniso lomusa libonakala kanjani lapha na?

UPetro uqala Incwadi yakhe ngokuthi ibhalelwe labo “abazuze ukukholwa okuyigugu okufana nokwethu” (2 Pet. 1:1, KJV); noma “ukholo olulingana nolwethu” (RSV). Igama elihumushwe njenge “gugu” lichaza “ukulingana ngenani,” noma “okunelungelo elilinganayo.” Uthi “baluzuzile” lolukholo oluyigugu; hhayi ukuthi bebelufanele, kodwa ngokuthi balamukele, yisipho esivela kuNkulunkulu. Noma njengokubhala kukaPawule: “Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa, futhi hhayi ngokwenu; kuyisipho esivela kuNkulunkulu” (Efes. 2:8, NKJV). Siyigugu ngoba “ngaphandle kokholo ngeke samthokozisa” uNkulunkulu (Heb. 11:6). Kuyigugu ngoba ngalolukholo sibambelela ezithembisweni eziningi ezimangalisayo. UPetro ugcizelela ukuthi “amandla obunkulunkulu” kaJesu asinikeze konke okumayelana Nokuphila kanye nobunkulunkulu (2 Pet. 1:2). Siphila kuphela ngamandla kaNkulunkulu, futhi sifinyelela ebungcweleni kuphela ngamandla Akhe. Futhi lamandla obunkulunkulu siwanikezwa “ngokwazi Yena owasibiza ngenkazimulo kanye Nokulunga” (2 Pet. 1:3, NKJV; buka futhi uJohane 17:3).

Sibizelwe ukuthanda uNkulunkulu, kodwa singamthanda kanjani uNkulunkulu esingamazi na? Simazi uNkulunkulu ngoJesu, ngeZwi Elibhaliwe, ngendalo, kanye nangamava okuphila impilo yokukholwa nokulalela. Sazi uNkulunkulu kanye nobukhona Bakhe lapho siba namava alokho akwenze ezimpilweni zethu, ulwazi oluzosiguqula. Futhi sifinyelela ekumazini Yena ngeqiniso lomusa awethula phezu kwethu. UPetro abe esesho into emangalisayo: ukuthi nathi sinikeziwe “izithembiso ezinkulu neziyigugu,” ezifaka nokuba nesabelo “zesimo sobunkulunkulu” (2 Pet. 1:4). Ekuqaleni isintu sasidalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu; lowo mfanekiso walinyazwa kakhulu. Lapho sizalwa kabusha, siba nempilo entsha kuJesu, osebenza ukubuyisela umfanekiso Wakhe kithina. Kodwa kumele sibalekele ukungcola kwezwe kanye nezinkanuko zalo uma sifuna lenguquko yenzeke.

Ibiyoba njani impilo yakho ngaphandle kokholo na? Impendulo isiza kanjani ukuba siqonde ukuthi kungani isipho sokholo siyigugu kangaka na?

Uthando, Umgomo Wokulunga KomKristu

Funda u-2 Peter 1:5–7; Romans 5:3–5; Jakobe 1:3, 4; no Galathiya 5:22, 23. Ithini Indikimba efanayo ebonakala lapha na?

Kwakuvamile phakathi kwezihlakaniphi kuqala ukwenza uhla lokulunga. Loluhla luvame ukubizwa “ngesikhangisi sokulunga,” futhi ziningana izibonelo KwiTestamente Elisha (Rom. 5:3-5; Jak. 1:3, 4; Gal. 5:22, 23). Kunokwenzeka ukuthi abafundi bencwadi kaPetro babekujwayele lokhu, nakuba kunomehluko othathekisayo phakathi kwalokho isihlakaniphi esingakubhala kanye nalokho uPetro akubhala lapha. Qaphela ukuthi uPetro uzihlele lezi ngokulandelana kwazo ngamabomu, ukuze ukulunga ngakunye kwakhele kokwedlule, kuze kufike eqophelweni eliphezulu lothando! Ukulunga ngakunye ohleni lukaPetro kunencazelo ebalulekileyo:

Ukholo: kulengqikithi, ukholo kungukukholwa kuJesu okusindisayo (bheka uGal. 3:11, Heb. 10:38).

Ukulunga: Ukulunga (Greek *arête*), uphawu oluhle lwanoma yini, lwalunconywa nangabezizwe. Yebo, ukholo lusemqoka, kodwa kumele luholele empilweni eguqukile, ekhombisa ukulunga.

Ulwazi: Ngempela uPetro akakhulumi ngolwazi ne, kodwa ngolwazi oluvela ebudlelwaneni obusindisayo noJesu Kristu.

Ukuzithiba: AmaKristu aphisile ayakwazi ukulawula izinkanuko zawo ikakhulu uma lezozinkanuko ziholela kokweqile.

Ukubekazela/Ukuqiniselela: lokhu ngukuqiniselela, ikakhulu uma ubhekene okuhlupheka kanye nokushushiswa.

Ubunkulunkulu: Kwabezizwe, igama elihumushwe lapho “ngobunkulunkulu” lisho ukuziphatha ngendlela efanele engumphumela wokukholwa kwakho kuNkulunkulu othile. KwiTestamente Elisha linomqondo ofanayo wokuziphatha kahle ngenxa yokukholwa kwakho kuNkulunkulu weqiniso

Ubumene Kwabazalwane: AmaKristu afana nomndeni, futhi ubunkulunkulu buzoholela emphakathini lapho abantu bemnene komunye nomunye.

Uthando: UPetro uletha uhla lwakhe eqophelweni eliphezulu ngothando. Uzwakala njengoPawule, futhi: “Manje kumi ukukholwa, nethemba, nothando, lokho kokuthathu; kepha okukhulu kunako konke wuthando” (1 Kor. 13:13, NKJV).

Ngaphambi kokuba uPetro enze uhla lwalokhu kulunga, uthi kumele “senze esinako” (2 Pet. 1:5, NET) ukufinyelela kulokhu kulunga. Uchaza ukuthini ngalokho na? Yiliphi iqhaza lokwenza komuntu ekufiseni kwethu Ukuphila impilo yobunkulunkulu nethembekile na?

Yiba Yilokho Oyikho

Ngemuva kokusinikeza uhla lokumele sikufune ngenkuthalo njengamaKristu, uPetro umemezela ukuthi imiphumela koba yini.

Funda u-2 Petro 1:8-11. Yikuphi ukuxhumana phakathi kwalokho osekwenzelwe umKristu nangendlela umKristu okumele aphile ngayo na?

UPetro ukhuthaza abafundi bencwadi yakhe ukuba baphile ngokweqiniso elisha abanalo kuJesu. Izimpawu zokholo, ukulunga, ulwazi, ukuzithoba, ukuqiniseka, ubunkulunkulu, ukuzwana, kanye nothando “ngezenu futhi ziningi” (2 Pet. 1:8, NKJV). Inkinga ngokuthi akuwona onke amaKristu aphila ngokwaleliqiniso elisha. Amanye awasebenzi noma awatheli zithelo olwazini lweNkosi yethu uJesu Kristu (2 Pet. 1:8). Abantu abanjalo bakhohliwe ukuthi “bahlanziwe ezonweni ezindala” (2 Pet. 1:9, NKJV). Ngalokho, uthi uPetro, amaKristu kumele aphile iqiniso elisha eliyiqiniso kubo kuJesu. KuKristu, bamukele intethelelo, ukuhlanzwa, kanye nelungelo lokuba nesabelo esimweni sobunkulunkulu. Ngakho-ke kumele “bakhuthalele ukuqinisekisa ubizo lwabo” (2 Pet. 1:10). Azikho izaba zokuphila njengakuqala, azikho izaba zokuba ngamaKristu “ayizinyumba” noma “angatheli zithelo.” “Sizwa kakhulu ngokholo, kodwa sidinga ukuzwa kakhulu ngemisebenzi. Iningi liyazikhohlisa ngokuphila inkolo elula, neyumela konke, nengenasiphambano.”—Ellen G. White, *Faith and Works*, p. 50.

Funda abaseRoma 6:11. UPawule Uthini lapha ngokuvumelana nalokho uPetro akubhale kwizindimana zanamuhla na?

Ngandlela thile, bobabili uPetro noPawule bathi, “Yibani yilokho eniyikho.” Futhi siyizidalwa ezintsha kuKristu, sihlanziwe esonweni, futhi sinesabelo kubunkulunkulu. Yingakho sikwazi Ukuphila lempilo esibizelwe kuyo. Simele ukuba “sifane noKristu,” okuyilokho okuchazwa “ngubuKristu.”

How “like Christ” are you? In what areas can you do better?

Ukuvuthuza Idokodo

“Yebo, ngicabanga ukuthi kulungile, uma ngisekuleli dokodo, ukuba nginivuse ngokunikhumbuza, ngazi ukuthi Kungekudala ngizosuswa kulelidokodo, njengalokho neNkosi yethu uJesu Krisu yangitshengisa” (2 Pet. 1:13, 14, NKJV). Ngo-1956, u-Oscar Cullman wabhala isifundo esifushane esithi *Immortality of the Soul or Resurrection of the Dead?: The Witness of the New Testament*. Wakhuluma ukuthi umqondo wovuko awuhambisani nomqondo womphefumulo ongafi. Ngale kwalokho, wathi iTestamente Elisha lihambisana kakhulu nokuvuka kwabafileyo. “Akukho okunye engikubhalile,” ebhala ngokulandelayo, “okuvuse ugqozi noma inzondo engaka.”

Funda u-1 Korinte 15:12-57. UPawule uthi kwenzekani ekufeni na?

Isifundo salokho okushiwo yiTestamente Elisha ngokufa nangovuko kwanelise abafundi abaningi beTestamente Elisha ukuthi u-Cullman wayeqinisele. ITestamente Elisha nembala limi emqondweni wovuko, hhayi emqondweni womphefumulo ongafi ophila sekufe umzimba. Ngokwesibonelo, ku-1 Thesalonika 4:16-18, uPawule ukhuthaza labo abafelwe ngabathandiweyo babo ukuba baduduzeke olwazini lokuthi mhla uJesu ebuya futhi, uyakubavusa abafileyo. Ku-1 Korinte 15:12-57, uPawule unikeza incazelo elulekile yovuko. Uqala ngokuveza ukuthi ukholo lwethu lobuKristu lumi phezu kokuvuka kukaJesu. Uma uJesu engazange avuke, ukukholwa Kuye kuyize. Kodwa, kusho uPawule, uKristu nembala uvukile kwabafileyo, njengezithelo zokuqala zalabo abalele. Futhi ukuvuka kukaKristu kwabafileyo kwenze kwenzeka ukuthi bonke abaKuye bavuke kwabafileyo, ngokunjalo.

UPawule ukhuluma ngokuvuka komzimba ku-1 Korinte 15:35-50. Aqhathanise imizimba emisha esiyakuyamukela ovukweni kanye nemizimba yethu yamanje. Esinako manje kuzofa; esoyokuzusa ovukweni akusoze kwafa. Kafushane nje, uma iTestamente Elisha likhuluma ngokufa, likwenza lokho ngokovuko, hhayi ngokungafi komphefumulo. Lokhu kusemqoka ukukwazi njengesisekelo sokufunda u-2 Petro 1:12-14.

Ukholo Ekubhekaneni Nokufa

Funda u-2 Petro 1:12-15. Uchaza ukuthini uPetro uma ephakamisa ukuthi usezokuswa edokodweni lakhe na?

U-2 Petro 1:12-14 wembula isikhathi sokubhalwa kwencwadi. UPetro ucabanga ukuthi usezokufa, futhi lencwadi iqukethe umyalezo wakhe wokucina. Ukuthi uPetro ulindele ukufa maduzane kubonakala ngendlela asebenzise ngayo imisho, “uma nje ngisekulomzimba. . . . Ngazi ukuthi Kungekudala kumele ngisuswe kulelidokodo,” okutholakala ku-2 Petro 1:13, 14. Ufanisa umzimba nedokodo, uPetro azakususwa kulo uma efa. Empeleni, kusobala ukuthi uPetro uqonde umzimba uma ekhuluma ngokususwa kwedokodo kangangokuba abahumushi banamuhla bahumusha lezizisho ngokuthi “ngisekulomzimba . . . njengoba ngazi ukuthi ukufa kwami kuzofika masinyane” (2 Pet. 1:13, 14, NRSV). Akukho olimini lukaPetro okuphakamisa ukuthi lapho uPetro “esuswa” kulelidokodo noma umzimba, umphefumulo wakhe uzoziphilela.

Funda u-2 Petro 1:12-15 futhi. UPetro ubonakala ebhekana kanjani nokusondela kokufa kwakhe, futhi lowo moya usifundisani ngokholo na?

U-2 Petro 1:12-15 unikeza isizotha esengeziwe kumazwi kaPetro. Ukubhala lokhu ngokwazi ukuthi impilo yakhe isizofika ekugcineni. Ukwazi lokhu ngoba, njengokusho kwakhe, “iNkosi uJesu ingibonisile.” Kepha kubukeka kungekho kwesaba, nakukhathazeka, nakuzisola. Ukugcizelela kwakhe, kunalokho, kusekuphileni kahle kwalabo azobashiya ngemuva. Ufuna baqine “eqinisweni lamanje,” futhi—esaphila—uzobayala ukuba bathembeke. Siyabona lapha iqiniso nokudepha kwamava kaPetro neNkosi. Yebo, uzakufa Kungekudala, futhi akuzukuba ngokufa okuhle (bheka uJohane 21:18; Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, pp. 537, 538), kodwa umthwalo wakhe ongenabugovu umayelana nenzuzo yabanye. Ngeqiniso, uPetro wayeyindoda ephila lolukholo ayefundisa ngalo.

Ukholo lususisa kanjani ukuba sibhekane nokufa na? Singafunda kanjani ukubambelela ethemebeni elimangalisayo esinalo, nalapho sibhekene nokufa, ngenxa yalokho uJesu asenzele kona na?

Cabanga Kabanzi:

Njengoba sibonile, uPetro wayazi ukuthi usezokufa. Futhi wayazi (futhi isikhathi eside), ukuthi wayezofa kanjani. Lokhu kungenxa yokuthi uJesu ngoKwakhe wayemtshelile. “ ‘Ngiqinisele, ngithi kuwe, usemusha wawuzigqokisa uhambe lapho uthanda khona; kodwa nxa usumdala, uyakulula izandla zakho, omunye akugqokise futhi akuyise lapho ungathandi khona’ ” (Johane 21:18, NKJV). Saba yini isiphelo sakhe na? “UPetro, njengomJuda nesihambi, wagwetshelwa ukuba abhaxabulwe futhi abethelwe. Ngokubuka lokhu kufa okubuhlungu, lompostoli wakhumbula isono sakhe esikhulu sokuphika uJesu ngesikhathi secala Lakhe. Ekade engakulungele ukuvuma isiphambano, wakubuka kuyinjabulo kuye ukunikela impilo yakhe ngenxa yevangeli, enomuzwa wokuthi, kuyena owayephike iNkosi yakhe, ukufa ngendlela iNkosi yakhe eyafa ngayo kwakuyinhlonipho enkulu. Wayeguquke ngokweqiniso uPetro futhi ethethelelwe nguKristu, lokhu kubonakala ngomsebenzi ophakeme awunikezwa wokondla izimvu kanye namazinyane omhlambi. Kodwa wayengazixolelanga yena. Ngisho imicabango yeminjunju nobuhlungu ayezobhekana nayo akuzange kudambise usizi nokudabuka kanye nokuphenduka kwakhe. Njengesicelo sokugcina wanxusa ababembulala ukuthi bambethele esiphambanweni ikhanda lakhe libheke ezansi. Savunywa lesosicelo, futhi wafa kanjalo umpostoli omkhulu uPetro.”— Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, pp. 537, 538. Kepha, nakukho lokhu ayezobhekana nako, umthwalo kaPetro wawungowokunakekela umhlambi kwezikamoya.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- 1. Kukho konke osekubhalwe nguPetro (kanye nabo bonke ababhali beBhayibheli) mayelana nesidingo samaKristu sokuphila izimpilo ezingcwele, kungani iningi lethu lehluleka “ukuba yilokho esiyikho” kuJesu na?**
- 2. Eklasini, bukani uhla olunikezwe ku-2 Petro 1:5-7. Khulumani ngophawu ngalunye futhi nizibuze lokhu: Singenza kanjani kangcono ukuba siveze lokhu kulunga, futhi singabasiza kanjani abanye Ukwenza okufanayo na?**
- 3. Sibuka lokho esikwaziyo ngoPetro, njengoba kuvezwe emaVangelini, lokho akubhalayo kuveza ngamandla umsebenzi omkhulu uKrsitu awenza kuye, nangaphandle kokwehluleka kwakhe ekuqaleni. Yiliphi ithemba nenduduzo esingazithathela yona kulesisibonelo na?**
- 4. Ku-2 Peter 1:12, uPetro wabhala “ngeqiniso lamanje.” Kwakuyini “iqiniso lamanje” ngesikhathi sikaPetro, futhi yini “iqiniso lamanje” kwesethu na?**
- 5. “Ngempela abafike bangale kokufa,” kubhala othile. “Ukufa yilokho abaphilayo abahamba nako.” Thina, njengamaKristu, kumele sihambe kanjani nokufa na?**

